# Okuqukethwe

## Ithemu-1

**Umbhalo Woku-1:**
UNomafa Uya Esikoleni . . . . . . . . . . . 1

**Umbhalo Wesi-2: Iqoqo Lamaculo Nezinkondlo**
Ngiyiqhathanzipho . . . . . . . . . . . . . . . 8
Ngiyabonga thisha wami. . . . . . . . . . 9
Qhakaza mbali yokusa. . . . . . . . . . 10
Ngineculo . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 11
Isiphiwo sami. . . . . . . . . . . . . . . . . 12
Ngiyacela mzali wam . . . . . . . . . . . . 13
Khanyisa Mfundo . . . . . . . . . . . . . . . 14

**Umbhalo Wesi-3:**
Ngeke Sithule, Sinamalungelo! . . . 15

**Umbhalo Wesi-4:**
Iqoqo Lezindatshana . . . . . . . . . . . 22

**Umbhalo Wesi-5:**
Ungathuli Uhlukunyezwa. . . . . . . . . 29

## Ithemu-3

**Umbhalo Wesi-6:**
Umkhulu Nguthisha Wami. . . . . . . . 36

**Umbhalo Wesi-7:**
Kwakuhle Kwethu! . . . . . . . . . . . . . . 43

**Umbhalo Wesi-8: Iqoqo Lezinkondlo**
Zigqaje ngobuzwe bakho . . . . . . . . 50
Sonke sibe bahle . . . . . . . . . . . . . . 51
Kumnandi ukuba yimi . . . . . . . . . . 52
Impilo elula . . . . . . . . . . . . . . . . . . 53
Isenzo esibi . . . . . . . . . . . . . . . . . . 54
Uju lwezinyosi . . . . . . . . . . . . . . . . . 55
Mina nomzimba wami . . . . . . . . . . . 56

**Umbhalo Wesi-9:**
Sisejele Yini? . . . . . . . . . . . . . . . . . . 57

**Umbhalo We-10:**
Impilo Yabahlali . . . . . . . . . . . . . . . 64

## Ithemu-3

**Umbhalo We-11:**
Konke Kusesandleni Sami . . . . . . . . 71

**Umbhalo We-12:**
Iqoqo Lezinganekwane . . . . . . . . . . 77

**Umbhalo We-13:**
Kodwa Nge-inthanethi! . . . . . . . . . . 85

**Umbhalo We-14:**
Umphathi Onemfudumalo . . . . . . . . 92

**Umbhalo We-15: Iqoqo Lezinkondlo**
Unogwaja . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 98
Utokoloshe . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 99
Ungavumi . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 100
UNomeva . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 101
Isimanjemanje . . . . . . . . . . . . . . . . 102
Imvula . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 103
Izibongo zikamakhalekhukhwini . . 104

## Ithemu-4

**Umbhalo We-16: Iqoqo Lezinkondlo**
Mbhaki wempilo yami . . . . . . . . . . . 105
Mbhali oqavile . . . . . . . . . . . . . . . . 106
Mdwebi ziveze . . . . . . . . . . . . . . . . 107
Umgcinizimali. . . . . . . . . . . . . . . . . 108
Imali . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 109
Umhlaba wami . . . . . . . . . . . . . . . . 110
Hlela ngekusasa . . . . . . . . . . . . . . . 111

**Umbhalo We-17:**
Iqoqo Lezindaba . . . . . . . . . . . . . . 112

**Umbhalo We-18:**
Ilungelo Lakho . . . . . . . . . . . . . . . . 122

**Umbhalo We-19:**
Impumelelo Ekhuthazayo . . . . . . . 126

**Umbhalo Wama-20:**
Qhude Manikiniki Zindala Zombili 134

**Izincazelo Zamagama . . . . . . . . 141**

EXTRACT PAGES

# UNomafa Uya Esikoleni

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ake ningitshele isibongo senkosi yangakini? Ihlala kuphi? Wake waya ekhaya lenkosi?
2. Ngolwazi onalo yini umsebenzi wenkosi endaweni yangakini? Isebenza nobani inkosi?
3. Uyafisa ukwazana nezingane zenkosi yesigodi sangakini? Ngobani?

UNomafa wazalwa mhla ziyi-18 kuNtulikazi 2014. Abazali bakhe kwakunguHosi noPhathi. Njalo ngalolu suku kwakubungazwa usuku lokuzalwa kwale nkosazana. Wayehlala edolobheni elikhulu okuthiwa yiGarden. Lapha kwakuhlala izilwane eziningi nabantu abakhonzile  enkosini uHosi. Kule ndawo kwakunokudla okuningi. Kwakumele usayine isivumelwano ukuhlala kule ndawo. Lesi sivumelwano sasithi akekho ozohlukumeza omunye.

EXTRACT PAGES



Kwathi uNomafa eseneminyaka emithathu, inkosi yakhipha izithunywa zayo ukuba ziyofuna inkulisa lapho kwakuzofunda khona uNomafa. Isithembiso kwaba ukuthi loyo oyothola inkulisa efanele ngokushesha uzokhuliswa esikhundleni. Nebala basuka ngamajubane beyofuna izinkulisa. Ufudu nalo lwalandela nokutotoba kwalo. Zonke izilwane zaluhleka ufudu.

Usuku lokuzalwa kukaNomafa kwakuba usuku olukhulu, kumenywa wonke umuntu ukuzobungaza kanye nomndeni. Kwakuma yonke into esikoleni kwazise phela uyise wayeyithanda kakhulu indodakazi yakhe. Kwakuculwa kudliwe kamnandi esikoleni. "Ngifuna indodakazi yami izizwe ithokozile ngosuku lwayo lokuzalwa," kusho inkosi. "Nami ngivumelana nawe baba, umntwana wethu kumele azijabulise ngokuphelele ngosuku lwakhe lokuzalwa," kwenanela uPhathi. Inkosazana enguNomafa yayihlakaniphile futhi iyinhle kakhulu ithanda nokubukwa. Wayenabangani abaningi kwazise phela wayebathanda abantu. Wonke umntwana owayewumngani wakhe wayezibona ebalulekile. Babemthanda abangani bakhe ngoba wayehlala ebaphathela izinto ezimnandi.



EXTRACT PAGES

Lapho sekufanele ayofunda iBanga lokuqala inkosi yamhlelela ukuba kuqashwe uthisha ozomfundisa. Wafunda izinsukwana ezimbalwa wazikhalela ethi: “Isikole esinjani lesi esinomfundi oyedwa, baphi abangani bami?”. Inkosi yabona ukuthi lolu hlelo aluyiphathi kahle inkosazana encane. Yashintsha izinhlelo yathumela ukuba kufunwe isikole okuzofunda kuso inkosazana yayo. Nokho asitholakalanga isikole esiphambili kule ndawo. Yaphatheka kabi inkosi uma izwa lezi zindaba.

“Ngizosakha isikole okuzofunda kuso inkosazana,” kumemezela uHosi. Nebala kwaphuthunywa kwakhiwa isikole esisezingeni okwakuzofunda kuso inkosazana. Wajabula uNomafa efika esikoleni esisha esiqanjwe ngegama lakhe. “Siyabonga Nomafa ukusikhumbula ukuba sizofunda nawe,” kwakusho omunye wabangani bakhe. Nakuba ezinye izingane zazikhokha imali encanyana kulesi sikole, abangani bakhe babengakhokhi lutho. Baqaphela othisha bakhe ukuthi uNomafa kwakuyingane ekhethekile futhi enamakhono amaningi.

EXTRACT PAGES



Kwathi uma uNomafa eseqedile amabanga aphansi wadlulela esikoleni samabanga aphezulu. “Baba, ngiyabonga kakhulu ukuthi uyanginakekela, kodwa bengisacela ukuphila njengabo bonke abantwana ngifunde esikoleni esejwayelekile,” kusho uNomafa. “Awu! ndodakazi uthi kuyolunga lokho, wena phela ungowasebukhosini, “ kuphendula uHosi. Kodwa wavuma ngoba phela wayethola konke akucelayo unkabi.



EXTRACT PAGES

Waqala-ke uNomafa imfundo yamabanga aphezulu esikoleni esiseduze. Nokho inkosi ayikunambithisisanga kahle lokhu. “Ngizothini uma indodakazi yami ingasaphephile,” kuzicabangela uHosi. Waqhubeka nokuzimisela uNomafa enza kahle kakhulu ezifundweni.

Kwathi ngokuhamba kwesikhathi wathola abangani abangalungile uNomafa. Laba bangani babefuna nje impilo ephambili kuye. Babethathekile ukubona ingane enhle ngale ndlela futhi izalwa yinkosi. Laba bangani babona ithuba lokuthola imali kumngani omusha. Kwasheshe kwacaca nokho ukuthi kukhona osekushaya amanzi la kuNomafa. Baphuthuma othisha nabazali bakhe bambuyisela endleleni.

Wafaka umfutho omkhulu kumatikuletsheni esebenza ngokuzimisela. Akumangazanga uma sekuphuma imiphumela lapho ephumelela ngamalengiso uNomafa. “Waze wasebenza nkosazana, imiphumela emihle kanje!” kubabaza umama kaNomafa. “Ngiyabonga mama, ngisebenze ngokuzikhandla impela, noma bengilinde imiphumelela emihle kodwa le sengathi isimihle kakhulu.” kusho uNomafa ngokuzethemba.

Kwenziwa umcimbi omkhulu wokubungaza uNomafa. Kwakungekudla kwakuyiziduli zabasali. Izikhulumi zazincoma ubuhlakani nokuzimisela kukaNomafa. Othisha bakhe babengawuvali umlomo ngenhlonipho ayebatshengisa yona. “Impela bekungabonakali ukuthi sifundisa umntwana wasebukhosini,” kusho uthishomkhulu. Esinye sezikhulumi senkampani enkulu kuleli dolobha sakhuluma sathi: “Ngenxa yamagalelo kaNomafa ekusizeni abanye abafundi, sizomgixabeza ngomfundaze aze aqede ukufunda phesheya kwezilwandle.

Kwafika isikhathi sokuya phesheya kwezilwandle wazibongela uNomafa: “Ngiyabonga kakhulu, mphakathi kababa, bothisha kanye nabazali bami. Ukuba beningekho, ngabe nakimi akukho ukuthokoza. Ngithi nje impela ukwanda kwaliwa umthakathi,” esho ehlala phansi. Kwachwaza inkundla yonke kwenanelwa inkulumo emnandi.



EXTRACT PAGES

Kwedlula izinsukwana amabombo wawabhekisa phesheya kwezilwandle ukuyoqhuba izifundo zakhe uNomafa. Waphinde wenza adume ngazo futhi phesheya kwezilwandle.UNomafa ngendlela ayesebenza kahle ngayo, bonke abaphathi benyuvesi bafisa ukumazi. Wayenenhlonipho engachazeki. Wayengaqhakambisi ukuthi uzalwa yinkosi. Wazimisela ezitshela ukuthi ngelinye ilanga uyobuyela kwelakubo enze ushintsho.



Waphinda futhi waba nabangani abaningi. Bambuza ngendawo yangakubo. Okumangazayo ukuthi wayengakaze ayithi vu eyokuthi uzalwa ebukhosini. Wayehlala ebaxoxela ngobuhle bezwe lakubo. "Mngani wami, ngizohamba nawe uma usubuyela ekhaya, ngike ngibone lobu buhle ohlala ukhuluma ngabo," kusho omunye wabangani. Wayeyithanda indawo yangakubo uNomafa engazenzisi. Wayesejahile ukuphothula izifundo zakhe abuyele ekhaya ayofeza iphupho lakhe.

Kwakungathi uyaphupha uNomafa lapho ethweswa imiyezane emva kokuphothula izifundo zakhe zokuthuthukisa umphakathi. "Lona-ke nguNomafa oqhamuka edolobheni okuthiwa yiGarden le phesheya kwezilwandle.  Siyabonga ukuba akhethe ukuzofunda kule nyuvesi. Ube umfundi okhethekile njengoba besihleli naye nje le minyakana embalwa." Lawa ngamazwi ayeshiwo uMphathi weNyuvesi.

Inkosi yamnika isikhundla sokubhekelela intuthuko yedolobha. Wasebenza ngokuzimisela emphakathini wangakubo ewusizo olukhulu kubantu.

EXTRACT PAGES

Wonke umuntu wabe emthanda ngenxa yenhliziyo yakhe emnene. Umphakathi wonke wathuthuka ngenxa yamagalelo akhe. Ulwazi ayeluthole phesheya kwezilwandle walusebenzisa ukushintsha impilo yabantu bangakubo.



"Ngifuna abantu baseGarden baphile njengamakhosi, inhlupheko ingabi khona emphakathini," kusho uNomafa. Amagalelo akhe aphinda abonakala ekusebenzeni kwakhe. Lathuthuka kakhulu idolobha ngenxa yobuhlakani bukaNomafa. Le ndawo yaba ngenye yezihamba phambili emhlabeni ivakashelwa abantu ngenxa yedumela layo. Impela yaphucuka impilo kule ndawo. Wayejabule uNomafa ebona kufezeka iphupho lakhe.

EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Ake uchaze indawo lapho uNomafa ayehlala khona nabazali bakhe.
2. Kungani uNomafa afunelwa izithunywa isikole kunabazali bakhe?
3. Bala izinto ezazenzeka esikoleni uma kugujwa usuku lukaNomafa lokuzalwa?
4. Ukuba wawunguNomafa wawungaziphatha kanjani?
5. Ake ungitshele ukuthi ngabe uNomafa uneminyaka emingaki manje futhi ngabe ufunda liphi ibanga?
6. **Ukubhala**

   Yenza ikhadi lokuzalwa lomuntu omthandayo. Bhala amagama amahle ngaphambili ekhadini.

**Abavule ikhasi lesi-8 Incwadi yokusebenzela yokuqala yakwa-DBE.**

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Yini into yokuqala oyenzayo uma uvuka ekuseni?
2. Kungani kumele sihlale sizigcina sihlanzekile?
3. Yisho ukuthi izitho zobuso sizigcina kanjani zihlanzekile.

## Ngiyiqhathanzipho



Thatha insipho, thatha insipho.
Hlikihla izandla, hlikihla izandla.
Phezulu nangaphakathi, phakathi kweminwe
Zihlanze ngamanzi zisule zome nkwe

Ngibuy' endlin' encane, ngigeza izandla
Ngaphambi kokudla, ngigeza izandla
Ngiphuma kodlala, ngigeza izandla
Ngiyiqhathanzipho.



EXTRACT PAGES


# Ngiyabonga thisha wami

Ngiyabonga, ngiyabonga
Ngakho konke ongenzela kona.
Ungifundise ukubhala
Ungifundise ukuzethemba

Ngiyabonga, ngiyanconcoza
Ngiyabonga, thisha wami.
Ikusasa lami liqhakazile
Izimfundiso zakho ngeke ngizilibale

Ngiyabonga, ngiyabonga
Ngiyabonga, thisha wami.





EXTRACT PAGE

# Qhakaza mbali yokusa

Qhakaza okwembali yentwasahlobo
Qhakaza kuhle kwelanga liphuma
Amakhaza aphelile manje
Vuka uzithathe sibone okuphethe.

Vuka uhaye ingoma emnandi
Vuka uxoshe ikati eziko
Ayikho inkomo yobuthongo
Hlabelela kuhlokome amawa



EXTRACT PAGES



Huba zinanele izimfijoli zezintaba
Wena ungumnqobi, wena uyiqhawe
Nyathela ngesizotha
Lapha kukwamhlab'unqotshiwe



## Ngineculo

Ngineculo ngobuhle bendalo
Ngineculo ngendalo ephambi kwami
Ubuhle bayo bungenza ngicule
Ngibabaza imvelo nobuhle bayo

Ngilala obenyoni
Ngicabanga ngobuhle bemvelo.
Ungangithathi kufa ngisesemncane
kanje.
Mina ngisazobona izinto ezinkulu.

Sengathi ngingandiza
Ngiye phesheya kwezilwandle
Ngibone bonke lobu buhle
Nawe mehlo ami uhambe udelile.



EXTRACT PAGES

## Isiphiwo sami

Akekho ongangiphuca sona

Ngasiphiwa uMvelingqangi

Ngicula ngephimbo elimtoti

Elimtoti njengomzwilili wenyoni

Zicula kamnandi ehlanzeni

Iphimbo lami liyingcwenga

Ngicula ngobunono

Ngiyasithanda isiphiwo sami

Ngimpongoloza ngephimbo elimtoti

Kuduma amathafa,

Kuduma izintaba

Kunanel'amathafa

Ethakasela umculo wami

Ngiyasithand'isiphiwo sami



EXTRACT PAGES

## Ngiyacela mzali wami

Ngimncane angikwazi ukuzenzela,
Ngimncane ngisize mzali wami,
Ngiyakudinga eduze kwami.
Uthando lwakho ngiyaludinga
Ngiyacela mzali wami.

Ngifunze ungigqokise ngiyacela,
Ngigone ungibelethe ngingowakho,
Angikuhluphi angikwazi ukuzenzela
Angikuhluphi ngiyakudinga
Ngiyacela mzali wami.

Ngilekelele lapho ngikhala
Angikwazi ukuzisholo ukuthi ngidingani
Ngidinga wena ongiqondayo
Nami angiziqondi ngimncane
Ngiyacela mzali wami.



EXTRACT PAGES




# Khanyisa Mfundo

Khanyisa sibani sakomhlolo
Khanyisa nakwandlwana
Ngikhanyisele kubalele kuswanguluke ingqondo
Ukungazi kubaleke kugcwale amathafa

Engathi sewufikile wena
Ngiyakubona nakwezobuchwephewshe
Ngikubonile komakhalekhukhwini
Hamba nqola emasondosondo.

Ngithwale ungiyise ezweni lesethembiso.
Khanyisa kuvele udokotela,
Khanyisa ngiwele lo mfula,
Khanyisa ngizikhethele.



EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Chaza ukuthi sizigcina kanjani izandla zihlanzekile. Lingisa.
2. Sizigcina kanjani izinzipho zihlanzekile?
3. Lisho ukuthini igama elithi iqhathanzipho? Ngabe uyilo nje wena?
4. Sizihlanza kangaki ngosuku izandla? Chaza ukuthi uzigeza nini izandla?
5. Xoxa nomngani wakho ukuthi kungani izandla zithwala amagciwane.
6. **Ukubhala**
   Uzigeza nini izandla? Dweba ukhombise ngezithombe bese ubhala umusho ngaphansi kwesithombe.

# Ngeke Sithule, Sinamalungelo!

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ubani onenja ekhaya noma nje okunenja kubo? Ubani igama layo?
2. Yini umsebenzi wenja ekhaya? Sizigcina kanjani izinja zihlanzekile futhi ziphilile?
3. Iziphi izinto ezihlukumeza izinja? Ziyiswa kuphi izinja ezihlukumezekile?

"Siyakwamukela lapha ekhaya," kusho uThabo. "Ngiyabonga kakhulu, ngiyethemba ngizojwayela," kuphendula umdlwane. UThabo umfanyana omncane oneminyaka eyisikhombisa. Uhlala elokishini okuthiwa yiPhenduka. Uhlala nabazali bakhe. Ufunda iBanga lesithathu eLearning Primary School. UMojo umdlwane othengelwe uThabo. Lo umdlwane othengwe ubaba kaThabo njengesipho sosuku lokuzalwa kwakhe.

EXTRACT PAGES



Ujabule uThabo ngesipho sakhe kangangokuthi washiya phansi ibhayisikili lakhe ebona isipho sakhe. "Ngiyabonga kakhulu baba, lwaze lwaba mnandi usuku lwanamuhla," kusho uThabo. Phela uThabo uyazithanda izilwane, ikakhulu izinja. Ufisa ukuba udokotela wezilwane. Njalo uhlale ecela isilwane azoba umngani waso asinakekele.



Namuhla-ke kuye ngamagama enkehli njengoba esenomdlwane azohlala nawo. "Sengijabule kakhulu ngaze ngakhohlwa ukukubuza igama lakho," kusho uThabo. "Ayi! Bangibiza ngoDoddie, kodwa angilithandi lelo gama ngoba alisho lutho kimi," kusho umdlwane.



EXTRACT PAGES

"Mina-ke ngizokunika elimnandi igama, kunganjani ngikubize 'ngoMojo'? kubuza uThabo. "Lizwakala kamnandi-ke lelo, lisesitayeleni. Ake usho mngani wami, bewuhlala kuphi?" kubuza uThabo. "Bengihlala esitolo esidayisa izilwane esisedolobheni eBluebuck," kusho uMojo. "Uyajabula nawe ukuthi usuze wathengwa namuhla?" kubuza uThabo. "Angazi noma ngijabule yini njengoba thina bakozilwane singenamalungelo nje," kusho uMojo.

"Khululeka-ke manje, usunekhaya nomngani ozokunakekela," kusho uThabo. "Ubusudlile nje?" kubuza uThabo. "Lutho, sike sinakwe nje isilwane?" kuzikhalela uMojo. "Kuhle-ke ngoba ubaba ukuphethe ukudla kwakho," kusho uThabo. "Kuzomele ngiqale ngikuzwe kuqala, angiyidli nje ingxavungxavu, ungibheke kahle mina, ngiwuMojomojas." Ahleke uThabo. "Yini engathi uyahlekisa nje?" kubuza uThabo. "Kade phela kunyathelwa amalungelo ethu, ngaxoshwa kosomahlaya kuthiwa amahlaya ami aphuphile, kungcono ngiyokhonkotha, cabanga nje umuntu ethi uyaziphantela," kukhalaza uMojo.



EXTRACT PAGES

“Impela kubuhlungu ukuthi kunabantu abangakwazi ukunakekela imvelo,” kusho uThabo. Aphuthume uThabo alungisele uMojo ukudla. Nebala abuye nakho. “Nakho-ke ukudla kwakho Mojas,” kuncokola uThabo. “Nawe nje uyafana nabanye,” kukhala uMojo. “Hawu! Sengenzeni-ke manje Mojo?” kubuza uThabo. “Awuzihlambanga izandla zakho ngaphambi kokuthinta ukudla kwami,” kuphendula uMojo.

“Awu! Ngiyaxolisa mngani wami, angihambe-ke ngiyohlamba izandla,” kuphendula uMojo. “Kusasizani, mina ngiyadla manje, ngiyafa indlala,” kusho uMojo. “Awubheke nje okwami ukudla kubekwa phansi, kanti ngempela thina zilwane siyohlala nini ematafuleni njengabantu,” kukhononda uMojo. Ahleke manje uThabo. “Maye! Uzohlala kanjani etafuleni mngani wami?” kubuza uThabo. “Namanje ungenza isilima ungibiza ngomngani wakho kodwa ngiyasola ngizolaliswa kuleya ndlu yezinja,” kukhononda uMojo. “Uyazi besifunda esikoleni ngamalungelo ezilwane, kuthiwa izilwane azihlaliswe lapho zizothokozela khona impilo yasendle,” kusho uThabo. Athule manje uMojo.

EXTRACT PAGES

“Uqinisile nokho, kodwa izilwane eziningi ziyahlukunyezwa, ezinsukwini ezingengaki kuzobe kuqhunyiswa iziklwibhisi kubungazwa ukuqala konyaka omusha,” kuzikhalela uMojo. “Awu! Iphuzu-ke lelo mngani, kusamele sifundise umphakathi wakithi ngamalungelo ezinja namakati,” kwenanela uThabo. “Imithetho kahulumeni ayisebenze, Thabo, kanti thina siyohlupheka kuze kube nini?” kukhononda uMojo.

“Uyazi, uvula amehlo ami ngale nkulumo, kanti uhlakaniphe kangaka Mojo!” kubabaza uThabo. “Phela thina asivunyelwa ukukhuluma, kunalokho kuthiwa asikhonkothe nje kuphela,” kuqhubeka uMojo. Aqhubeke nokudla kwakhe uMojo. Uyabonakala nje ukuthi uyakuthokozela ukudla kwakhe. “Wathula manje Mojo, sekwenzenjani?” kubuza uThabo. “Uyabona-ke, uyangiphazamisa ufuna ngingabuzwa ubumnandi balokhu kudla, konje ninjalo nina kobantu nizitshela ukuthi ningcono,” kusho uMojo. Abambe insini futhi uThabo. “Kuzomele ngikunike uhla lokudla engikudlayo, nezikhathi zami zokudla ukuze sihlale ngokuzwana ndoda,” esho eshaya phansi ngonyawo.



EXTRACT PAGES

Azibonele uThabo ukuthi akabhenyiwe uMojo engemthunzi wezinkukhu. Impela akezwa mshini uMojo. Akafuni kwenziwe kuye into emhlukumezayo. Inkinga ukuthi lapha ekhaya sebezithengile iziklwibhisi zokuhlukanisa unyaka. Phela uThabo uye ongezwile ngeziklwibhisi, uvele asangane uma kuwusuku lokugcina kuZibandlela.



Kukhishwa izimali ezishisiwe kuleli lokishi kuthengwa iziklwibhisi zokwehlukanisa unyaka. Lo mkhuba uhlukumeza kakhulu izinja namakati. UThabo usenkingeni manje ukuthi uzozenzenjani lezi ziklwibhisi ezigcwele ekamelweni lakhe. Uzothini uMojo uma ebona iziklwibhisi eziningi kanje? Nakuba uThabo eyaye aziqhumise phansi kweso elibukhali likayise nomfowabo omdala, uzomenzenjani uMojo? "Manje mngani, mina sengilibonile ikamelo lami, la emnyango wena ulala kuphi?" kubuza uMojo. "Eyi! Kukhiyiwe ekamelweni lami, ngigcine ngingawuboni ukhiye," esho eqamba amanga uThabo. Athi ukucambalala uMojo ngenxa yokusutha. Avele anyonyobe uThabo ngesikhathi enganakile uMojo, ezama ukuyolungisa umonakalo osekamelweni lakhe.

Azame ukuphuthuma uThabo eyofihla iziklwibhisi zakhe. Mameshane! Nangu uMojo embuka. Avele akhonkothe uMojo. Athuke uThabo aze ayothi khalakatha ngasembhedeni. "Yini manje Mojo? Ungithuselani, buka sengicishe ngalimala," kukhalaza

EXTRACT PAGES

uThabo. Ahleke uMojo aze aphinde akhonkothe ngezwi lakhe elincanyana. “Kanti uyesaba futhi, kanti nawe unazo iziklwibhisi?” kumangala uMojo.

Aphelelwe umhlaba uThabo esebheke phansi emboze ubuso bakhe. “Kanti nawe ufuye iziklwibhisi lapha endlini yakho,” kusho uMojo. “Ulungise nendawo engizozikhulula kuyo-ke ngoba ngivele ngikhishwe yisisu uma senisihlukumeza,” kusho uMojo. “Mina …”, amngene emlonyeni uMojo. “Ayikho into ozoyiphika lapha, nawe uyilo mgulukudu osihlukumezayo,” kuthetha uMojo. Akusemahloni kuyafiwa kuThabo.

“Ngiyakwethembisa mngani wami, ngeke kuphinde kwenzeke lokhu, ngizokuvikela ngayo yonke indlela,” esho ngokudabuka uThabo. “Kuhle uma wethembisa mngani, ngaphandle kwalokho ngizoduka nezwe.” Zafika zadlula iziklwibhisi, uThabo wayeqaphela ukuthi uMojo akalahleki esetatazeliswa iziklwibhisi.

EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Kwakungubani igama lomdlwane? Wawulithanda? Chaza.
2. Ngabe wasithokozela uThabo isipho sakhe? Chaza.
3. Kubukeka sengathi uMojo ungusomahlaya. Chaza.
4. Yimaphi amalungelo uMojo ayewafuna?
5. Kwakuyisiphi isikhathi sonyaka uThabo athengelwa ngaso uMojo? Sekela impendulo yakho.
6. **Ukubhala**
   Dweba isithombe senja bese ubhala imisho emihlanu ngaphansi kwesihloko esithi: **Ukuba ngangiyinja**